




Join us and
read aloud!



Welcome to your special **World Read Aloud Day** edition of the **Nal'ibali Supplement!**

World Read Aloud Day is celebrated by people from all over the world who are passionate about children's books and reading. In fact, it's celebrated by over one million people in more than one hundred countries! Every year Nal'ibali joins in these celebrations to raise awareness in our own country of how reading aloud supports children's literacy development.

Each year on World Read Aloud Day, people get together to read stories to each other. It's a day where we turn the spotlight on sharing the power of stories with each other so that we create communities of readers. Adults read stories to children, older children read to younger children, and some children even read to adults they know who love hearing them read, or are not able to read themselves. And this all happens in different places: in homes, schools, preschools, libraries, community centres, old age homes, churches, temples, mosques and bookshops!

But, the simple act of reading aloud on this day is about more than just people sharing stories they enjoy. It also shows our children and others around us that:

- we think reading is important.
- we are committed to helping children become readers by reading aloud to them regularly.
- we believe that everyone has the right to learn how to read!

On Nal'ibali's first World Read Aloud Day celebration in 2013, 13 401 children were read to and this number has just kept growing year after year! Last year was our eighth World Read Aloud Day and **2 925 224** children across South Africa were read to. And this year, on **3 February**, we want to reach even more children. Find out how you can help us do this on page 2.

On World Read Aloud Day, we hold hands with others to create a global literacy movement. Reading aloud on this special day is a symbol of our commitment to the power of literacy, and also a very practical way of showing everyone that reading matters.

Join us this World Read Aloud Day and share a story!



Hlanganyela nathi
ufunde kuzwakale!



Siyakwamukela kolukhethekile ushicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali **soSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale!**

Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale lugujwa ngabantu basemhlabeni wonke abanentshisekelo ngezincwadi zezingane kanye nokufunda. Eqinisweni, lugujwa ngabantu abangaphezu kwesigidi emazweni angaphezu kwekhulu! Njalo ngonyaka uNal'ibali uyahlanganyela kule migubo ukuqwashisa ezweni lakithi ngokuthi ukufunda kuzwakale kuzelekelela kanjani izingane ekukhuliseni ukufunda nokubhala.

Njalo nje ngonyaka ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, abantu bayahlangana ndawonye ukuze bafundelane izindaba. Wusuku lapho sigxilisa khona amehlo ekwabelaneni ngamandla ezindaba ukuze sakhe imiphakathi yabafundi bezincwadi. Abadala bafundela izingane izindaba, izingane ezindadlana zifundela izingane ezincanyana, kanti izingane ezithile zifundela abadala ezibaziyo abathanda ukuzilalela zibafundela, okukanye abangakwazi ukuzifundela ngokwabo. Konke lokhu kwenzeka ezindaweni ezahlukene: emakhaya, ezikoleni, ezinkulisa, emitatsheni yezincwadi, ezikhungweni zemiphakathi, emakhaya abadala, emasontweni, emathempelini, kumamoski kanye nasezitolo zezincwadi!

Kodwa, isenzo esilula nje sokufunda kuzwakale ngalolu suku singaphezulu kokuthi abantu babelane ngezindaba abazithokozelayo nje. Siphinde sikhombise izingane zethu nabanye abaseduze kwethu ukuthi:

- sicabanga ukuthi ukufunda kubalulekile.
- sizinikele ekusizeni izingane ukuthi zibe ngabafundi bezincwadi ngokuzifundela kuzwakale njalo nje.
- sikholwa ukuthi wonke umuntu unelungelo lokufunda indlela yokufunda okubhaliwe!


Ngomgubho wokuqala kaNal'ibali woSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale owawungowezi-2013, kwafundelwa izingane eziyizi-13 401 kanti lesi sibalo sihlale senyuka unyaka nonyaka! Unyaka owedlule bekungowesithupha sigubha Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale kanti zingama-**2 925 224** izingane ezindaweni zonke zeNingizimu Afrika ezifundelweyo. Kanti nonyaka, mhla zi-**3 kuNhlolanja**, sifuna ukufinyelela ezinganeni ezingaphezu kwalokho. Thola ukuthi ungasizisa kanjani ukuba sikwenze lokhu ekhasini lesi-2.

NgoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, sibambana ngezandla nabanye ukusungula umbutho womhlaba wonke wokufunda nokubhala. Ukufunda kuzwakale ngalolu suku olukhethekile kuwuphawu lokuzinikela kweithu emandleni okufunda nokubhala, kuphinde kube yindlela ebambekayo yokukhombisa wonke umuntu ukuthi ukufunda kubalulekile.

Hlanganyela nathi ngalolu Suku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale bese wabelana ngendaba!

What's inside?

- ★ How to join in the Nal'ibali celebrations (page 2)
- ★ Ideas for ways to celebrate World Read Aloud Day (page 2)
- ★ Poster with 5 good reasons to read aloud (page 3)
- ★ A special Nal'ibali World Read Aloud Day cut-out-and-keep book (pages 5, 6, 11 and 12)
- ★ Two other stories (pages 7 to 10, and pages 14 and 15)
- ★ A World Read Aloud Day badge (page 16)



Yini okuthola ngaphakathi?

- ★ Indlela yokuhlanganyela nemigubho kaNal'ibali (ikhasi lesi-2)
- ★ Amacebo ngezindlela zokugubha Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale (ikhasi lesi-2)
- ★ Iphosta yezizathu ezinhle ezi-5 zokufunda kuzwakale (ikhasi 3)
- ★ Incwadi ekhethekile oyisika uyikhiphe bese uyigcina kaNal'ibali yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale (amakhasi elesi-5, 6, 11 nele-12)
- ★ Ezinye izindaba ezimbili (amakhasi elesi-7 kuya kwele-10, nekhasi le-14 nele-15)
- ★ Ibheji loSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale (ikhasi le-16)



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXYWAYO.


Join us on World Read Aloud Day!

Since 2013, Na'ibali has been bringing you a special story to celebrate World Read Aloud Day. This year's story, *Fly, everyone, fly!*, features some of our much-loved Na'ibali characters. It was written by children's author, Sihle Nontshokweni, and illustrated by Magriet Brink and Leo Daly. Read it to the children in your life this World Read Aloud Day, 3 February 2021, and be part of the excitement!



How to join in

1. Go to www.nalibali.org or www.nalibali.mobi to sign up your family, reading club or school and help make this the biggest World Read Aloud Day celebration in South Africa.
2. Make Na'ibali World Read Aloud Day badges with your children. Use the template on page 16, or design your own badges.
3. On 3 February 2021, read our special World Read Aloud Day story to:
 - ★ your own children, grandchildren, nieces and nephews
 - ★ children in your class or at your school
 - ★ children at your reading club, library or community centre.
4. Do other fun World Read Aloud Day activities. Use the ideas below to help you.



Hlanganyela nathi ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale!

Kusukela ngo-2013, uNa'ibali selokhu ekulethela indaba ekhethekile yokubungaza Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Indaba yalo nyaka ethi, *Ndizani, nonke, ndizani!*, ibandakanya abanye babalingiswa abathandwayo bakaNa'ibali. Yabhalwa umbhali wezindaba zezingane uSihle Nontshokweni, imifanekiso yakhona yadwetshwa nguMagriet Brink kanye noLeo Daly. Yifundele izingane ezisempilweni yakho kulolu Suku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, ngomhla zi-3 kuNhlolanja wezi-2021, uhlanganyele kulo mgubho wentokozo!

Indlela yokuhlanganyela nathi

1. Vakashela izindalwazi esithi www.nalibali.org noma u-www.nalibali.mobi usayinele umndeni wakho, ithimba lokufunda noma isikole, usize ukwenza lo mgubho woSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ube ngomkhulukazi eNingizimu Afrika.
2. Yakha nezingane zakho amabheji kaNa'ibali oSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Sebenzisa isibonelo okugcwaliswa kuso esisekhasini le-16, noma nidizayine awenu amabheji.
3. Ngomhla zi-3 kuNhlolanja wezi-2021, funda indaba ekhethekile yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ufundele:
 - ★ izingane zakho, abazukulu, nabashana bakho
 - ★ izingane ezisekhasini lakho noma esikoleni sakho
 - ★ amaqoqo ezingane emicimbini ehlelwe ngokukhethekile ethimbeni lakho lokufunda, emtatsheni wezincwadi noma esikhungweni somphakathi.
4. Yenza eminye imisebenzi ejabulisayo yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Sebenzisa amasu angezansi ukuze usizakale.

5 World Read Aloud Day activities



1. Let your children make their World Read Aloud Day badges (see page 16) before 3 February so that they can wear them on World Read Aloud Day. (You can get extra copies of the badge or find it in other languages at www.nalibali.org.)
2. Read our special World Read Aloud Day story, *Fly, everyone, fly!* Go to www.nalibali.org or www.nalibali.mobi and sign up to let us know how many children you read to.
3. Choose some of the activities suggested for *The tale of Oxpecker and Buffalo* and *Little Goat* in the "Get story active!" section on page 13.
4. Give your children some blank paper and crayons or pencil crayons. Invite them to design a new book cover for one of their favourite books.
5. Have fun playing Story-in-a-Circle with groups of adults and children, or just children. Let everyone sit in a circle. Then ask a few people to volunteer to stand in the centre of the circle. The people sitting in the circle create a group story by each adding one or two sentences to the story as it goes around and around. The people standing in the middle of the circle act out the story as it develops.



Imisebenzi eyi-5 yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale



1. Dedela izingane zakho zizenzele amabheji oSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale (bhaka ikhasi le-16) ngaphambi komhla zi-3 kuNhlolanja yikhona zizowagqoka ngalo uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. (Ungathola amakhophi engezwe ebheji noma ulithole ngezinye izilimi kusizindalwazi sethu ku-www.nalibali.org.)
2. Funda indaba yethu ekhethekile yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, *Ndizani, nonke, ndizani!* Vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ubhalise bese usazisa ukuthi zingaki izingane ozifundayo.
3. Khetha eminye yemisebenzi ephakanyisiwe yendaba ethi *Indaba kaHlalanyathi noNyathi* kanye nethi *UMbuzanyana* esigabeni esithi, "Yenza indaba ihlabe umxhwele!" ekhasini le-13.
4. Nikeza izingane zakho iphepha elingabhalwe lutho kanye namakhrayoni noma amapensela anemibala. Zicele ukuthi zidizayine ikhava entsha yencwadi yenye yezincwadi ezizithandayo.
5. Zithokoziseni ngokudlala Indaba-Esikokeleni (Story-in-a-Circle) nethimba labantu abadala kanye nezingane, noma nezingane kuphela. Bonke abahlale benze isikokela. Emva kwalokho cela abantu abambalwa ukuthi bazinikele ukuthi bame phakathi nesikokela. Abantu abahleli esikokeleni bakha indaba yethimba ngokwengeza umusho owodwa noma emibili endabeni ngesikhathi izungeza. Abantu abame phakathi nesikokela, balingisa indaba ngenkathi iqhubeka.



Drive your imagination

5 good reasons to read aloud

- 1 It helps to develop the bond between a parent and child.
- 2 Children see reading as a satisfying activity.
- 3 It helps to motivate children to read.
- 4 It shows young children how we read and how books work.
- 5 Children can enjoy stories that they cannot read on their own yet!



Izizathu ezinhle ezi-5 zokufunda kuzwakale

- 1 Kusiza ukwakha ukusondelana phakathi komzali nengane.
- 2 Izingane zibona ukufunda njengesenzo esanelisayo.
- 3 Kusiza ukugqugquzela izingane ukuthi zifunde.
- 4 Kukhombisa izingane ezincane ukuthi sifunda kanjani nokuthi izincwadi zisebenza kanjani.
- 5 Izingane zingakwazi ukuthokozela izindaba ezingakakwazi ukuzifundela zona ngokwazo!

Contact us in any of these ways:
Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.tumblr.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Nalibali

nalibali.org

Meet Nal'ibali's new CEO!



Yandiswa Xhakaza loves Nal'ibali because she believes that reading is the foundation of a child's future success. We asked her a few questions.

What is your favourite story or book?

The God of Small Things by Arundhati Roy.

What book are you reading to your children at the moment?


The Diary of a Wimpy Kid because that is what they are interested in right now.

If you had to give our readers two bits of advice on being a successful person, what would it be?

Know your strengths and use them well. At the same time, be aware of your weaknesses and know when to ask for help.

What vision do you have for the future of Nal'ibali?

Nal'ibali's impact will be felt by children who will go on to add value to our society in a range of different ways. They will be young adults who will remember that, had it not been for Nal'ibali, they would not be where they are. They will be avid readers who would not be readers had it not been for Nal'ibali making reading material accessible.



Yandiswa Xhakaza



Hlangana neSikhulu Esiphezulu esisha sakwaNal'ibali!



UYandiswa Xhakaza uyazifela ngoNal'ibali ngoba ukholwa wukuthi ukufunda kuyisisekelo sempumelelo yengane yangesikhathi esizayo. Simbuze imibuzo embalwa.

Iyipi indaba noma incwadi yakho oyikhonzile?

The God of Small Things ebhalwe ngu-Arundhati Roy.

Iyipi incwadi oyifundela izingane zakho njengamanje?

The Diary of a Wimpy Kid ngoba yileyo abayithakaselayo njengamanje.

Ukuba ubunganikeza abafundi bethu izeluleko ezimbili ngokuba wumuntu ophumelelayo, kungaba yiziphi?

Yazi lokhu onamandla kukho bese ukusebenzisa kahle. Ngesikhathi esifanayo, yazi ngobuthakathaka bakho futhi wazi ukuthi ulucela nini usizo.

Yimuphi umbono onawo ngekusasa likaNal'ibali?

Umthelela kaNal'ibali uzokuzwiwa yizingane ezizokhubeka zithuthukise umphakathi ngezindlela eziningi ezahlukene. Zizoba yintsha esikhulile ezokhumbula ukuthi, ukuba bekungengenxa kaNal'ibali, ngabe ayikho lapho ikhona. Zizoba ngabafundi abakhuthele abebengeke babe ngabafundi ukuba bekungengenxa kaNal'ibali owenze izinto zokufunda zitholakale.

REMEMBER!

We need to read aloud to our children every day - not only on World Read Aloud Day! If we read to them for just 15 minutes every day in 2021, we will have read to them for 5 475 minutes by the end of the year. That's 91½ hours of reading fun!


KHUMBULA!

Sidinga ukufundela izingane zethu kuzwakale nsuku zonke - hhayi nje kuphela ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale! Uma ngabe sizifundela imizuzu eyi-15 nje nsuku zonke ngowezi-2021, sizobe sesizifundele imizuzu eyizi-5 475 ngokuphela konyaka. Lokho ngamahora angama-91½ entokozo yokufunda!



Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination



“Halala, kwaze kwakuhle,” kwasho uJosh. “Ngolunye usuku ngifuna ukuba wumshayeli wezindiza. Kodwa ake ume! Ngizokukhombisa ukuthi kumdziswa kanjani. Yenza lokhu engikwenzayo,” esho ethetha. UJosh waphakamisa izingalo zakhe emva kwalokho wacula: “Yana kwesokunxele, yana kwesokudla, yana kwesokudla, yana kwesokunxele. Phakamisa izingalo uvale amehlo. Kwesokunxele, kwesokudla, phezulu, naphansi. Sizondiza sizungeze yonke indawo.” U-Afrika, uNeo, uBella noHope bahlanganyela nabo ngokushesha. Ngesikhathi uJosh ezungeza, ezungeza ngesihlalo sakhe esinamasondo, abanye babegijima bezungeza beville izingalo zabo becula futhi behleka. NoNoodle phela wangena naye! Baze bama lapho bonke sebehlelwa bephelwa wumoya.



“Wow, that’s so cool,” Josh said. “One day I want to be a pilot. But wait! I will show you how to fly. Do what I do,” he shouted. Josh lifted his arms and then he sang: “Sway left, sway right. Sway right, sway left. Lift your arms and close your eyes. Left, right, up, down. We will fly all around.” Afrika, Neo, Bella and Hope soon joined in. As Josh turned around and around in his wheelchair, the others ran around with their arms stretched out singing and laughing. And of course, Noodle joined in! They only stopped once they were all out of breath.


Fly, everyone, fly! Ndizani, nonke, ndizani!

Sihle Nontshokweni
Magriet Brink &
Leo Daly

During a long, slow bus journey, Afrika wishes he could fly quickly in an aeroplane to visit Gogo and his friends. When all the friends meet at Gogo’s house, Josh shows them a new way to fly. And Afrika shows them all the places they could go with a paper aeroplane!



Ngesikhathi sendlela ende ngebhasi elihamba kancane, u-Afrika ufisa sengathi ubengandiza ngokushesha ngendiza avakashele uGogo kanye nabangani bakhe. Ngenkathi bonke abangani behlangana kwaGogo, uJosh ubakhombisa indlela entsha yokundiza. Kanti u-Afrika ubakhombisa zonke izindawo abangaya kuzo ngendiza yephepha!



Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

“Josh,” kwasho u-Afrika, ngesikhathi eqhuba isihlalo esinamasondo siqonda enkundleni, “uyakhumbula ukuthi ngenkathi ngigcina ukufika lapha wawina umncintiswano wamakha yithi?”

“Yebo,” kusho uJosh ehleka. “Angisoze ngakulibala lokho.”

“Kulungile-ke, masenze umncintiswano wezindiza zamaphapha,” kwasho u-Afrika wase ekhipha umdwebo wenziza yakhe yephapha.

“Josh,” said Afrika, as he pushed the wheelchair to the field, “remember the last time I was here and you won the kite competition?”

“Yes,” laughed Josh. “I’ll never forget that.”

“Well, let’s have a paper aeroplane competition,” said Afrika and took out a drawing of his paper aeroplane.



Afrika, Dintle and Mme wa Afrika were on a bus on their way to visit Gogo. “Yay! Holidays at last!” said Afrika as he bounced up and down in his seat.

“Sshhh! You’ll wake your sister,” whispered Mme wa Afrika.

“Sorry, Mama,” whispered Afrika.

Afrika tried to sit still, but he couldn’t. “I wish this old bus was an aeroplane,” he said as he put his arms out and pretended they were aeroplane wings. “If we were flying, we would have been at Gogo’s house long ago.”

“I know,” said Mama, “but please put your arms down before you poke your fingers in someone’s eye.”

“Eish, this bus is so slow,” sighed Afrika. “We’ll never get there.”

U-Afrika, uDintle kanye noMama ka-Afrika babesebhasini endleleni beyovakashela uGogo. “Wuu! Aze afika amaholide!” kwasho u-Afrika egxumagxuma esihlalweni sakhe.

“Sshhh! Uzovusa udadewenu,” kunyenyeza uMama ka-Afrika.

“Ngiyaxolisa, Mama,” kunyenyeza u-Afrika.

U-Afrika wazama ukuhlala athule, kodwa wayengakwazi. “Ngifisa sengathi ngabe leli bhasi elidala beliyindiza,” washo kanjalo evula izingalo zakhe enza sengathi zingamaphiko ebhanoyi. “Ukuba besindiza, ngabe kudala sifikile endlini kaGogo.”

“Ngiyazi,” kwasho uMama, “kodwa ngicela wehlise izingalo zakho ngaphambi kokuthi ufake iminwe yakho esweni lomunye umuntu.”

“Hhayi cha, leli bhasi lihamba kancane bo,” kusho u-Afrika edonsa umoya. “Angeke nje size sifike laphaya.”



“Now let’s make some paper planes,” said Afrika. He opened his backpack and pulled out a few sheets of paper. “I’ll show you what to do.”

“I wish they taught us this in school,” said Hope as she followed Afrika’s instructions.

Once everyone was done, Afrika said, “Before you let your plane fly, you must decide where you want to go. As you throw your plane into the air shout out the name of the country you are sending your plane to. One, two, three – FLY!” They all threw their paper planes up into the air.






She looked in the mealie patch, but Little Goat was not there.
 Wabheka esiqeshini sensimu yombila, kodwa uMbuzanyana wayengekho lapho.



She had walked far from Mother Goat. Mother Goat wondered where Little Goat had gone.
 Wayesehambe esekude kakhulu noMama Mbuzi. UMama Mbuzi wayesemangele ukuthi uMbuzanyana wayeseshonophi.




Little Goat found the sweetest grass. She ate and ate.
 UMbuzanyana wabuthola utshani obumandi ngempela. Wadla, wadla.



Lots more free books at bookdash.org

Little Goat UMbuzanyana

Nicola Anne Smith
Tiffany Mac Sherry
Mirna Lawrence



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your imagination




Njengalokhu eqhubeka ehamba nje,
uMbuzanyana wayelokhu eqhela, eqhela
kuMama Mbuzi.

UMama Mbuzi wagijima ebheke emfuleni.
Kodwa uMbuzanyana wayengabonwa
lapho. “Ukuphi, we Mbuzanyana?”
kububula uMama Mbuzi.



Mother Goat ran to the river. But Little
Goat was not there. “Where are you,
Little Goat?” bleated Mother Goat.



Little Goat went to find the sweetest grass.
The sky was blue above. But she did not
look up.

UMbuzanyana wahamba wayothola utshani
obumnandi ngempela. Isibhakabhaka
sasiluhlaza phezulu. Kodwa akazange
abheke phezulu.

“I wasn’t lost ... I have been here all the
time!” said Little Goat.



“Bengingedukile ... bengilapha sonke lesi
sikhathi!” kwasho uMbuzanyana.




Inyoni yamezeza
igondise kuMama Mbuzi,
“UMbuzanyana ulele
otshani obumandi
ngaphesheya kwebhuloho.”


A bird called
to Mother Goat,
“Little Goat is asleep
in the sweet grass across
the bridge.”



“Wake up, Little Goat,” said Mother Goat
gently. “You were lost!”



“Vuka, Mbuzanyana,” kwasho uMama
Mbuzi ngeliphansi. “Ubukade wedukile!”




As she walked along, Little Goat moved
further and further away from Mother Goat.

The river gurgled below. But Little Goat
did not listen to its song.

Umfula wawuhuba ngezansi. Kodwa
uMbuzanyana akazange ayilalele
ingoma yawo.





She just walked along looking for the
sweetest grass.
Wawele waqhubeke nohambo ebheka
utshani obummandi ngempela.



Mother Goat crossed the bridge to the
sweet grass.
UMama Mbuzi wawela ibhulo ho
eligonde otshani obummandi.



A bird called to her, saying, "How do you
do?" But Little Goat didn't answer.

Inyoni yamemeza iqondise kuye,
yathi, "Unjani?" Kodwa uMbuzanyana
akazange aphenhle.

There she found Little Goat fast asleep.

Lapho-ke wathola uMbuzanyana elele zwi.







“Manje masenze izindiza ngamaphapha,” kwasho u-Afrika. Wavula ujosaka wakhe wakhipha iziqephu zamaphapha ezimbala. “Ngizomikhombisa okufanele nikwenze.” “Sengathi ngabe basifundisa lokhu esikoleni,” kwasho uHope elandela imiyalo ka-Afrika. Lapho wonke umuntu esegefile, u-Afrika wathi, “Ngaphambi kokudela indiza yakho ukuthi indize, kumele unqume ukuthi ufuna ukuyaphi. Lapho uphonsa indiza yakho emoyeni, memeza igama lezwe othumela kulo indiza yakho. Kunye, kubili, kutathu – NDIZANI!” Bonke baphonsa emoyeni izindiza zabo zamaphapha.

“Wait! Neo, stop! Where are you going?” asked Afrika. “Home,” laughed Neo, “I’m hungry!” “Me too,” said Bella. “Woof!” said Noodle. Hope looked at her watch. “We’re late for lunch,” she said. “We’d better run.” “No,” said Josh. “Let’s fly!” They all laughed, put their arms out... and flew home.

“Awulinde! Neo, yima! Uya kuphi?” kwakubuza u-Afrika. “Ekhaya,” kuhleka uNeo, “Ngilambile!” “Nami futhi,” kwasho uBella. “Hhowu-hhowu!” kukhonkotha uNoodle. Wabheka iwashi lakhe. “Sesishiywe yisikhathi sokudla kwasemini,” kwasho yena. “Kungcono sigijime.” “Cha,” kwasho uJosh. “Masindizeni!” Bahleka bonke, bavula izingalo zabo... base bendiza beya ekhaya.



The next day everyone was up early. “If I know your friends,” said Mime wa Afrika, “they will be here before you’ve finished your breakfast.” Just then everyone heard barking. “Noodle, slow down!” Bella shouted, as she followed Noodle into the room. Noodle was very happy to see everyone. Soon Josh and Hope arrived and everyone started talking at once. Gogo covered her ears. “Finish eating, then off you go!” Gogo said and sent the older children and Noodle outside to play. Ngosuku olilandelayo wonke umuntu washeshe wawuka. “Uma ngibazi kahle abangani bako,” kwasho uMama ka-Afrika, “bazobe sebelapha ngaphambi kokuthi uqede isidlo sakho sasakuseni.” Kusenjalo wonke umuntu wezwa ukukhonkotha. “Noodle, awuzibambe bo!” kuhetha uBella, ngesikhathi elandela uNoodle bengena ekamelweni. UNoodle wayejabule kakhulu ukubona wonke umuntu. Ngokushesha nje uJosh noHope base beika kanti bonke bagala ukukhuluma kanyekanye. UGogo wavala izindlebe zakhe. “Qedani ukudla, bese niyahamba!” kwasho uGogo wayesekhaphela phandle izingane ezindalana kanye noNoodle ukuthi ziyodlala.



Ngesikhathi uGogo esika ikhekhe wathi, "Ngesikhathi ngisemncane sasingenawo amabhasi. Manje sekukhona izimoto, amatekisi, amabhasi, izitimela ..."

"... kanye nezindiza," kwasho uNeo engena endlini noMbali. U-Afrika wagxuma wabingelela abangani bakhe. Wayethokoze kakhulu ukuphinda ababone.

UMbali waqalaza. "Yo, yo," washo ekhomba ikhekhe. UGogo wahleka wayesebanika ngamunye ucezu lwekhekhe. "Ujosh, uHope kanye noBella bazovakashisa kusasa," kwasho yena. "Kanye noNoodle," kwasho uMbali. "Kanye noNoodle," kuvuma uGogo.



As Gogo cut the cake she said, "When I was young we didn't have buses. Now there are cars, taxis, buses, trains ..."

"... and aeroplanes," said Neo as he walked into the room with Mbali. Afrika jumped up to greet his friends. He was so happy to see them again.

Mbali looked around. "Yum, yum," she said pointing at the cake.

Gogo laughed and gave them each a slice. "Josh, Hope and Bella will visit tomorrow," she said.

"And Noodle," said Mbali.

"And Noodle," agreed Gogo.

It took hours, but at last the bus stopped and they could see Gogo waving to them. "I was so excited that I got here early," said Gogo as she hugged and kissed them all.

"We were on this bumpy, noisy, old bus for so long, Gogo," said Afrika.

"I know," smiled Gogo. "Now, let's get you all home. I have tea and cake waiting and Neo and Mbali will be home soon." That made Afrika smile all the way to Gogo's house.



Kwathatha amahora, kodwa-ke ekugcineni ibhasi lama base bembona uGogo ebaphakamisela isandla. "Bengijabule kabi ngaze ngasheshe ngafika lapha," kwasho uGogo ngesikhathi ebahaga futhi ebaqabula bonke.

"Besikuleli bhasi eligadlazelayo, elinomsindo, elidala isikhathi eside kakhulu, Gogo," kwasho u-Afrika.

"Ngiyazi," kusho uGogo emoyizela. "Manje, asihambeni sonke siye ekhaya. Nginetiye nekhhekhe okunilindile kanti uNeo noMbali bazobe sebesekhaya ngokushesha." Lokho kwenza u-Afrika walokhu emoyizela endleleni yonke ebheke emzini kaGogo.

"Ngithumela eyami eZimbabwe!" kwasho uNeo. "Eyami iya eNgilandi!" kumemeza uBella noHope kanyekanye. "EBhrazili!" kwasho u-Afrika. "Ejaphane!" kwasho uJosh. Izingane zahleka lapho zibukela izindiza zazo zindiza zidabula isibhakabhaka. UNoodle wagijima ezungeza ekhonkotha ezama ukubamba izindiza zamaphapha!

"Manje seniyazi ukuthi akudingekile ukuthi ube sendizeni yangempela ukuze ukwazi ukundiza," kwasho uJosh.

"I'm sending mine to Zimbabwe!" said Neo. "Mine's going to England!" Bella and Hope shouted at the same time.

"Brazil!" said Afrika. "Japan!" said Josh. The children laughed as they watched their planes fly across the sky. Noodle ran around barking and tried to catch the paper planes!

"Now you know that you don't have to be in a real aeroplane to be able to fly," said Josh.



Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Na'ibali Supplement: *Fly, everyone, fly!* (pages 5, 6, 11 and 12), *Little Goat* (pages 7 to 10) and *The tale of Oxpecker and Buffalo* (page 14).

Fly, everyone, fly!

★ Before you read the story

- ☉ Ask the children if they have ever flown in an aeroplane or seen an aeroplane on TV or in a book. Encourage them to share their thoughts with you.

★ After you've read the story

- ☉ Talk about different ways to travel to faraway places. What are the best and the worst things about travelling for a long time?
- ☉ Ask younger children to draw and older children to write about a place they would like to visit. What would they see and do there?



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNa'ibali: *Ndizani, nonke, ndizani!* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *UMbuzanyana* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi, *Indaba kaHlalanyathi noNyathi* (ikhasi le-15).

Ndizani, nonke, ndizani!

★ Ngaphambi kokuthi ufunde indaba

- ☉ Buza izingane ukuthi zake zayigibela yini indiza noma zake zayibona yini indiza kumabonakude noma encwadini. Zikhuthaze ukuthi zabelane nawe ngezikucabangayo.

★ Ngemuva kokuthi usufunde indaba

- ☉ Khuluma ngezindlela ezahlukene zokuya ezindaweni ezikude. Yiziphi izinto ezinhle kakhulu kanye nezimbi kakhulu ngokuhamba isikhathi eside?
- ☉ Cela izingane ezincanyana ukuthi zidwebe bese ezindadlana zibhala ngendawo ezingathanda ukuyivakashela. Yini ezingayibona nezingayenza lapho?



Make a paper plane

1. Fold a page in half lengthwise.

2. Open the page again and fold the top corners toward the middle.



3. Fold the top edges toward the middle again.



4. Fold the plane in half so that the triangles are on the inside.



5. Fold the sides of the plane to the bottom on both sides. Unfold them slightly so that the plane is flat on top.



Yenza indiza yephepha

1. Goqa iphepha libe wuhhafu ngobude balo.

2. Phinda uvule ikhasi bese uwagoqela phakathi nendawo amakhona aphezulu.



3. Goqela amachopho angenhla phakathi nendawo futhi.



4. Goqa indiza ibe wuhhafu ukuze onxantathu babe ngaphakathi.



5. Goqa izinhlangothi zohlaka ziye phansi ezinhlangothini zombili. Ziqaqe kancane ukuze indiza ibe yisicaba ngaphezulu.



The tale of Oxpecker and Buffalo

Do you have any suggestions for what Oxpecker and Buffalo could do to get along better? Write a letter to them in which you share these ideas. (Do this with a group of friends or on your own!)




Indaba kaHlalanyathi noNyathi

Ngabe unazo iziphakamiso zokuthi yini uHlalanyathi kanye noNyathi abangakwenza ukuze bezwane kangcono? Bhala incwadi uyiqondise kubo wabelane nabo ngale mibono. (Yenza lokhu neqembu labangani noma wena uwedwa!)

Little Goat

- ★ Discuss with your children what it means to be lost by asking, "Do you think Little Goat was lost? Why/why not?"
- ★ Invite your children to draw a picture that shows what it feels like to be lost.
- ★ Challenge older children to retell the story using human characters in place of Mother Goat and Little Goat.



UMbuzanyana

- ♥ Xoxa nezingane zakho ukuthi kusho ukuthini ukuduka ngokubuzwa ukuthi, "Ngabe nicabanga ukuthi uMbuzanyana wayedukile? Kungani kunjalo/kungenjalo?"
- ♥ Mema izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe esikhombisa ukuthi kuzwakala kanjani ukweduka.
- ♥ Fakela inselelo izingane ezindadlana ukuthi ziphinde zixoxe indaba zisebenzisa abalingiswa abangabantu esikhundleni sikaMama Mbuzi kanye noMbuzanyana.



The tale of Oxpecker and Buffalo

By Kai Tuomi ■ Illustrations by Samantha van Riet



In the old days, Oxpecker had a bright yellow bill. He lived in a little hut in a patch of long grass. Each day he would sweep his hut before setting off into the grass to catch his favourite food. At night he would climb into his nest-bed, his belly full of green grasshoppers, flies and wriggly worms.

If anyone came into the patch of long grass, Oxpecker would fly up and shout at them. He would peck them and make a fuss until they went away. He liked to live alone, and he didn't want to share with anyone.

One day, while Oxpecker was out searching for insects, he heard a low rumble, like the sound of thunder rolling in the hills, and something blocked out the sun.

"What now?" shrieked Oxpecker, flying up out of the long grass to get a better view.

A big, black animal with heavy horns was walking through the long grass.



"Hello," said Buffalo. "I haven't eaten anything in weeks. This long grass is exactly what I need. May I have some?"

"No! Go away!" shouted Oxpecker.

"Well, I'll die if I don't eat something. There hasn't been any rain for months. This is the only patch of long grass around here. Won't you let me eat some of it, please?"

"Didn't you hear me? Go away!" said Oxpecker flying around Buffalo's head.

"But you don't even eat grass," Buffalo said. And then he tried again, "We could share the grass."

"I don't share! This is mine! Mine! Mine! Now go away!" shouted Oxpecker.

Buffalo's forehead wrinkled and his eyes narrowed to slits. He got so angry that his tail swished back and forth, making a loud clapping sound as it struck the sides of his rump. "Well, if you are going to be rude, I'm going to eat it anyway. I eat grass, that is what I do, and I am hungry, so here I GO, you rude bird," said Buffalo about to chomp on some grass.

"You wouldn't dare!" shrieked Oxpecker.

"How are you going to stop me? Look at how big I am. And because you're being so rude, I've decided that I'm going to eat and eat and eat until I'm full." And with a loud *MUNCH! CRUNCH!* Buffalo started to eat.

This made Oxpecker so angry that the end of his beak turned bright red. Oxpecker flew around Buffalo's head shouting and shrieking and whooping, but Buffalo just kept on eating. Soon all the long grass was gone. To make matters worse, Buffalo put his big hoof right through the roof of Oxpecker's hut.

Oxpecker flew up onto Buffalo's back and started pecking away at his skin.

"That's not going to work," said Buffalo. "My skin is very thick. Even Lion has tried to bite me with his sharp teeth and I got away. You are too small, Oxpecker. And you deserved what you got. I was willing to share."

"Well, that's it then," said Oxpecker growing suddenly quiet. "I was only angry and rude because that was my home. Now I have no home and no food – all those delicious green grasshoppers, flies and wriggly worms that lived in the long grass are gone! Everything's gone."

Buffalo looked back at Oxpecker, who was crying, and then to the bare patch of earth and the broken hut. "I'm sorry I destroyed your home," he said, "but maybe I can make it up to you. I have a problem with insects, you see. I mean, just take a look at my back. There are always far too many insects hanging on and crawling all over me. You could eat them, and it would be really nice to have someone finally get rid of them for me."

Oxpecker looked up and down Buffalo's body and noticed all the little insects clinging to Buffalo's skin. The bird's tummy rumbled, but the thought of doing Buffalo a favour after everything he had done, made Oxpecker angrier and angrier. His yellow bill grew redder and redder.

"First you ate all my lovely grass!" shouted Oxpecker. "Then you wrecked my house. You actually put your big hoof right through the roof! Now you want me to eat all these insects as a favour!" He walked up and down Buffalo's back, pecking at the insects as he talked. "You really are the worst, Buffalo! As if I would help you," he said with his little mouth full of insects.



Buffalo simply shrugged and walked off with Oxpecker riding on his back, shouting and eating insects. And they are still doing that to this day, but Oxpecker never forgave Buffalo, and his yellow beak stayed red forever.





Indaba kaHlalanyathi noNyathi

NguKai Tuomi ■ Imidwebo nguSamantha van Riet




Kudaladala, uHlalanyathi wayenomlomo ophuzi. Wayehlala eqhugwaneni elincane eduze kwesiqinti sotshani obude. Usuku ngalunye wayeshanela iqhugwana lakhengaphambi kokubabela otshanini lapho wayethola khona ukudla kwakhe ayekukhonzile. Ebusuku wayecaca angene esidlekeni sakhe, isisu sakhe sigcwele izintethe, izimpukane, kanye nezibungu eziyaluzayo.

Uma kufika noma ngubani esiqeshini sotshani obude, uHlalanyathi wayendiza aphakame bese emthethisa lowo. Wayebangqofoza futhi enze umsindo kuze kube bayahamba. Wayethanda ukuphila yedwana, futhi engathandi ukwabelana nanoma ngubani.

Langa limbe, ngesikhathi uHlalanyathi ephumile ecinga izinambuzane, wezwa ukundindizela okusholo phansi, njengomsindo wokuduma kwezulu lisho ezintabeni, kwase kuba nokuthile okusitha ilanga.

“Yini manje?” kuklewula uHlalanyathi, endiza ephakama phezu kotshani obude ukuze akwazi ukubona kangcono.

Isilwane esikhulu, esimnyama esinezimpondo ezisindayo sasihamba sidabula otshanini obude.



“Sawubona,” kwasho uNyathi. “Angikaze ngidle lutho kula masonto. Lobu tshani obude yibona ngqo engibudingayo. Ngicela obuncane nje?”

“Lutho! Hamba uye kude!” kumemeza uHlalanyathi.

“Kulungile, ngizokufa uma ngingadli okuthile. Bekungekho mvula futhi sekuyizinyanga. Lesi yisona siqephu sotshani obude esikhona lapha. Ungemane ungivumele ngidle ingxenya, ngiyakucela?”

“Awungizwanga yini? Hamba uyoshona!” kwasho uHlalanyathi endizandiza ezungeza ikhanda likaNyathi.

“Kodwa awubudli ngisho ukubudla utshani,” kwasho uNyathi. Emva kwalokho waphinda wazama, “Singabelana nje ngotshani.”

“Angabelani mina nabanye! Lokhu ngokwami! Okwami! Okwami! Manje-ke suka lapha!” kumemeza uHlalanyathi.

Isiphongo sikaNyathi sabuya izinhlonze namehlo akhe ancipha aba yimidwana nje. Wathukuthela kakhulu ngendlela yokuthi umsila wakhe wawehla wenyuka, wenza umsindo omkhulu osankwahla ngesikhathi ushaya izinhlangothi zezinqe zakhe. “Kulungile uma uzokwedelela, ngizobuthatha ngihambe nabo. Ngidla utshani mina, yilokho engikwenzayo, futhi ngilambile, ngakho-ke UZONGITHOLA KAHLE, nyoni eyedelelayo,” kwasho uNyathi sekusele ukuthi abunqampune obunye utshani.

“Ngeke ulokothe!” kububula uHlalanyathi.

“Uzongivimba kanjani? Awungibheke ukuthi ngimkhulu kangakanani. Futhi ngoba uyedelela, senginqume ukuthi ngizokudla, ngidle, ngidle ngize ngisuthe.” Ngomsindo omkhulu *WOBUHHLAFUHLAFU! NOBUKLESHEKLESHE!* uNyathi waqala ukudla.

Lokhu kwathukuthelisa uHlalanyathi ngendlela yokuthi isiphetho somlomo wakhe saphenduka saba bomvu ngokugqamile. UHlalanyathi wandiza wazungeza ikhanda likaNyathi ethetha, ekhala, eklabalasa, kodwa uNyathi wavele waqhubeka nokudla. Ngokushesha bonke utshani obude base buphelile. Ukwenza izinto zibe zimbi nakakhulu, uNyathi wabeka inselo yakhe enkulu ophahleni lweqhugwane likaHlalanyathi.

UHlalanyathi wandizela emhlane kaNyathi waqala ukuqhofoza isikhumba sakhe.

“Lokho ngeke kukusize ngalutho,” kwasho uNyathi. “Isikhumba sami silugqinsi kabi. Ngisho noBhubesi uke wazama ukungiluma ngamazinyo akhe abukhali kodwa ngaphunyula. Wena umncane kakhulu, Hlalanyathi. Futhi kukufanele lokhu okutholile. Mina bengizimisele ukuthi sabelane.”

“Kulungile, sekuphelile manje,” kwasho uHlalanyathi khona manjalo esehlisa umoya. “Bengicasukile futhi ngedelela kuphela ngoba bekuyikhaya lami. Manje angisenakhaya futhi anginakudla – zonke lezi zintethe ezimnandi, izimpukane, nezinhlava ebezihlala otshanini obude sezihambile! Konke sekuhambile.”

UNyathi wabheka emuva kuHlalanyathi, owayekhala, wase ebheka isiqeshana esasingasenatshani kanye neqhugwana elihlephukile.

“Ngiyaxolisa ukuthi ngibhidlize ikhaya lakho,” kwasho yena, “kodwa mhlawumbe ngingakwazi ukukukhokhela. Nginenkinga ngezinambuzane, uyabona. Ngisho ukuthi, awubheke nje umhlane wami. Kuhlale kukhona izinambuzane eziningi ezilengayo nezihamba emzimbeni wami. Ungazidla, futhi kungaba kuhle uma ungakwazi ukungiqedela zona.”

UHlalanyathi wawubuka phansi naphezulu umzimba kaNyathi maqede waqaphela zonke izinambuzane ezinamathele esikhumbeni sikaNyathi. Isisu senyoni savele sakhala, kodwa umcabango wokwenzela uNyathi umusa ngemuva kwayo yonke into eyayiyenzile, wenza uHlalanyathi athukuthelise kakhudlwana futhi. Umlomo wakhe waphenduka waba bomvu, waphinde wabomvu kakhulu.

“Okokuqala udle bonke utshani bami obuthandekayo!” kuthetha uHlalanyathi.

“Emva kwalokho uhliphize indlu yami. Eqinisweni ufake inselo yakho enkulu ophahleni lwayo! Manje usufuna ngidle zonke lezi zinambuzane ukukwenzela umusa!” Wahamba wehla wenyuka emhlane kaNyathi, enqofoza ngesikhathi ekhuluma. “Umubi ngokwedlulele ngempela, Nyathi! Ungafunga ukuthi ngizokusiza,” washo nomlonyana wakhe ugcwele izinambuzane.



UNyathi wamane wazithintiitha wase esuka ehamba noHlalanyathi egibele emhlane wakhe, ethetha, edla izinambuzane. Basenza lokho kuze kube yinamuhla, kodwa uHlalanyathi akazange amxolele uNyathi, nomlomo wakhe sewuyolokhu wahlala ubomvu naphakade.

Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.

Make a badge

1. Cut along the red dotted line to cut out the badge.
2. Colour in the picture.
3. Cut a circle the same size as the badge from some thin cardboard, for example, a cereal box.
4. Use glue to paste the badge onto the cardboard.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang it around your neck.
6. Enjoy wearing your badge as you read and listen to stories on World Read Aloud Day.

Yenza ibheji

1. Sika ulandele amachashazi abomvu ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika isiyingi esiwubukhulu obufanayo nebheji ekhalibhothini elilulana, isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa itheyiphu yokunamathisela noma eyokumboza ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji. Noma uvule imbobo phezulu bese ushutheka umucu wewuli noma wentambo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngesikhathi ufunda futhi ulalele nezindaba ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.



2.

Unscramble the letters to find five words from *Fly, everyone, fly!* that have to do with how we travel.



Hlela izinhlamvu ukuze uthole amagama amahlanu aphuma endabeni ethi, *Ndizani, nonke, ndizani!* amayelana nezindlela zethu zokuhamba.

nsaitr _____

racs _____

subes _____

satxi _____

ploreasena _____

ilametizi _____

itozimo _____

asibhama _____


asimakite _____

indiziza _____

3.

Look at these pictures from *Fly, everyone, fly!* Number them so that they match the order in which things happened in the story. Now use the pictures to retell the story.

Buka lezi zithombe eziphuma endabeni, *Ndizani, nonke, ndizani!* Zifake izinombolo ukuze ziqondane nendlela izinto ezilandelana ngayo endabeni. Manje sebenzisa izithombe ukuxoxa kabusha indaba.



Answers: 2. trains, cars, buses, taxis, aeroplanes; 3. 3, 2, 4, 1
izimpendulo: 2. izitimela, izimoto, amabhasi, amatekisi, izindiza; 3. 3, 2, 4, 1

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

JABAVU

RECORD

UMLAZI EYETHU

Bonus

LENTSWE THE VOICE OF MATLOSANA

RIDGE TIMES



Drive your imagination

